



UKUHLANZEKISA AMANZI EZINDAWENI ZASEMAKHAYA

UMA NINGENASO ISITESHI SOKUHLANZEKISA AMANZI ABUYE EMFULENI, NGABE YINI ONGAKWENZA UKUHLANZEKISA AMANZI?

Ukuwabilisa

Ukubilisa amanzi kubulala noma yiwaphi amagciwane okungenzeka esemanzini.

- ◆ Isinyathelo 1: Bilisa amanzi ebhodweni.
- ◆ Isinyathelo 2: Apholise.
- ◆ Isinyathelo 3: Gcina amanzi abilisiwe embozwe ngesivalo noma ngendwangu ehlanzekile ukuwavikela ukuthi angenwe zimpukane noma udoti.

Ukungezela ibhlishi

Ibhlishi inephunga elinamandla kanti ine-chlorine ebulala amagciwane ayingzo emanzini.

- ◆ Isinyathelo 1: Thenga ibhodlela lebhlishi esitolo sendawo.
- ◆ Isinyathelo 2: Ngezela ithisipuni elilodwa lebhlishi kumanzi amalitha angu 20.
- ◆ Isinyathelo 3: Ungawasebenzisi amanzi bonke ubusuku noma okungenani amahora angu 2.
- ◆ Isinyathelo 4: Gcina amanzi embozwe ngendwangu ehlanzekile noma uwavale ngesivalo ukuze kungangeni izimpukane noma udoti. Manje amanzi akho asephephile ukuthi ungawaphuza.



Ukungezela i-Iodine

I-Iodine nayo ibulala amagciwane emanzini. Sicela ungasebenzisi i-Iodine uma umzimba wakho ungavumelani nayo (allergic).

- ◆ Ngezela amaconsi angu 5 (iconseli eli 1 = 0.05ml) ye-iodine kwilitha elilodwa lamanzi.
- ◆ Vala amanzi ngendwangu noma ngesivimbo alinde amahora angu 15.
- ◆ Uma amanzi engacwebile (cloudy), asefe ngendwangu ehlanzekile, ebese ungezela amanye amaconsi angu 10 e-iodine kwilitha yamanzi.

Ukufakela amaphilisi ahlanzekisa amanzi

Kukhona amapholisi anhlobonhlobo okuhlangezisa amanzi atholakalayo. Lana angathengwa emakhemisi noma ezitolo zamacamp. Sicela ulandela kahle imiyalelo ebhalwe ephaketheni lawo. Lapho udoti usuzikele phansi kwisitsha, sefa amanzi ngendwangu ehlanzekile. Udoti uzosalela endwangini. Qinisekisa ukuthi ugcine amanzi embozwe ngendwangu noma ngesivimbo.

Ukubulala amagciwane ngelanga

Gcwalisa ibhodlela leplastiki ngamanzi ebese uwashiya elangeni elishisayo amahora amabili. Uma uhafu webhodlela lipendwe ngopende omnyama, ebese libekwa phezu kwezenke, ukushisa kuyasheshisa. Ukuhlangana kwamanzi ashisayo kanye nemisebe yelanga kubulala iziphili ezincanyana ezingabonwa ngamehlo. Lokhu kusebenza kahle ukubulala amabhaktheriya ekholera (i-cholera bacterium).



For more information on being Water Wise please contact 0860 10 10 60 or logo onto www.randwater.co.za and click on the Water Wise logo



Luvela kwi: "Exploring Water", Umgeni Water, 1994; "Elan", Medihelp, 2001; New Scientist Magazine, 2000